Inkulumo ethulwe ngumPhostoli wesiFunda Kriel kuwo onke amalunga ngomhla-ka – 05 kuNtulikazi 2020

Bafowethu no Dadewethu abathandekayo,

Ngiyathokoza ngokuba ngiphinde ngikwazi ukunikhulumisa mayelana nezindaba ezimayelana nokukhonza kanye nokuphatha.

Ukubuyela esontweni ukuyokhonza (Lokhu kuqondene namalunga aseNingizimu ye-Afrika)

Esikhathini esedlule lapho nganikhulumisa khona, ngamemezela ukuthi **angeke** sibuyele ezinkonzweni ukuyokhonza phakathi nenyanga kaNhlangulana kanye nekaNtulikazi 2020. Ngikanye nabaPhostoli kanye noBhishopi benu, bengiqaphele amazinga okuthelelana nokwanda kobhubhane lwe COVID-19 esifundeni sethu.

Ubufakazi ngokwezempilo, izifanekiso zokubheka amazinga angaphambili kanye nalokho okwenzekayo emphakathini zikhombisa ukuthi iNingizimu ye-Afrika iyaqhubeka nokubona amazinga akhuphukayo okuthelelana ngalolubhubhane ikakhulukazi ngezibalo ezinyukayo kusukela esifundeni saseMpumalanga Koloni kanye nase Gauteng. Lapho iNtshonalanga Koloni beyilindele ukwehla kwamazinga, lokhu kumanje kubonakala kubambezelekile. Abasenzi bethu bezempilo kanye nezinsiza zempilo bathwele kanzima.

Mayelana nalokhu okuphawuliwe ngenhla kanye nentshisekelo yokunikezela ngendawo ephephile lapho sihambela izinkonzo eziNgcwele, sinqume ukuthi **asingeke** sibuyele ezinkonzweni phakathi kwenyanga yeNcwaba. Phela, phakathi noNcwaba kusuke kusebusika lapho amazinga okubanda nawomkhuhlane aphakeme khona. Siyoqhubeka nokuqapha isimo futhi ngizonazisa ngomphumela ekuqaleni

koNcwaba mayelana nezinyathelo esifuna ukuzithatha mayelana nokubuyela ezinkonzweni.

Ukungaziphathi kahle kwezocansi

Manje ngithanda ukuba sibheke udaba olukhungethe umphakathi wethu ngokuqhubekayo futhi olubuye lwabasematheni kulesisikhathi sokuvalelwa kwethu emakhaya. Lolu udaba lodlame lwesisekelo sobulili; ukuhlukunyezwa kwezingane kanye nokungaziphathi kahle ngokwezocansi.

IBandla lobuPhostoli oBusha luyazigceka zonke izenzo zodlame lwesisekelo sobulili kanye nokuhlukunyezwa kwezingane!

Sibone kunesidingo sokukhombisa nokufundisa amalunga ethu (kufaka phakathi izingane zethu) kanye nezinceku kulesisihloko. Ngo 2018, ngasungula iqembu lokusiza mayelana nokungaziphathi kahle ngokwezocansi elanikezwa umsebenzi wokuveza inqubomgomo yebandla mayelana nokungaziphathi kahle ngokwezocanzi. Inhloso yokuba nalenqubomgomo ukuqinisekisa isimo sokuma kwebandla mayelana nokungabekezelani-sanhlobo nalezenzo kanye nokusekela umphakathi wethu mayelana nokuphatha izindaba zokungaziphathi kahle ngokwezocansi.

Ngiyathokoza ukunazisa ukuthi ngemva kweminyaka emibili sesinayo inqubomgomo ezoqondisa ibandla lethu kuzozonke izindaba ezimayelana nokungaziphathi kahle ngokwezocansi. Lenqubomgomo ifaka phakathi ukubukela umthetho nokukhonza futhi inikeza uhlaka lokubhekana nezindaba zokungaziphathi kahle ngokwezocansi.

Icebo lokukhishwa kwalenqubomgomo lidinga ukuphawula kwamalunga. Lenqubomgomo isiyatholakala manje ngokulandwa-bukhoma futhi ibuyekezwe ku’website’ yebandla. Ngiyanikhuthaza ukuba niyifunde

lenqubomgomo kuthi lapho nifuna ukuphawula ngayo, niyacelwa ukuba nithumele konke kulelikheli le-imeyili smcomments@nac-sa.org.za . Siyakwamukela ukuphawulo kwakho.

Ezingeni lendawo yomPhostoli wesiFunda, ngisizwa iphaneli yezingcwethi zangaphandle ezine kanye nabaholi abathathu bokholo. Leliqembu belisebenza kusukela ngenyanga kaNdasa 2020 futhi nemiphumela yomsebenzi walo uzokwabiwa mayelana ngokwesikhathi esinqunyiwe. Kubalulekile ukuba lelizizindaba zithole futhi zijabulele izinga lokukhululeka nokuthi nabaholi bokholo balulekwe yizingcwethi eziqeqeshiwe kulomkhakha.

Siqala umzuliswano wokuqala wokuqeqeshwa okugunyaziwe kwamalunga azosebenza ezingeni lomPhostoli wendawo futhi lokhu kuzosabalalela ezigabeni ezahlukene zebandla. Ngokunjalo sifuna labo abanamakhono abazosisiza emazingeni esifunda kanye nawebandla. Uma unawo amakhono adingekayo, uyacelwa ukuba uthumele imidanti yakho ku applications@nac-sa.org.za

Labo abazithola bangabahlukunyeziwe yilunga noma inceku mayelana ngokuphathwa kabi ngokocansi, bangabika loludaba kulelikheli le-imeyili: reportsm@nac-sa.org.za.

Yonke imibiko iyophathwa ngokwemfihlo futhi nayihovisi lami.

Easy Pay

Ngokwedlule nginazisile ukuthi senze isivumelwano ne EasyPay ukusiza amalunga ngokufaka iminikelo yabo. Lesisikhungo sesiyasenza manje ngokuphelele kuzozonke izitolo zakwa Woolworths, Pick ‘n Pay, Boxer, Makro, Game kanye neBuilder’s Warehouse.

Sisalindele ukusebenza kwaso ezitolo zakwa Shoprite, Checkers, USave, Pep kanye neAckermans.

Ngiyababonga bonke labo abaqhubeka ngokwethembeka ngokeletha iminikelo yabo.

Iqembu lokusabela le- COVID-19

Iqembu lethu linikezwe umsebenzi wokunikezela ngezimiso zokubuyela ezinkonzweni. Ezinsukwini ezizayo, nizothola umculu “Izikhokhelo zokubuyela ezinkozweni”. Caphela ukuthi lomculu ubhalwe ngokuhambisana nomthetho osebenzayo ngesikhathi sokuvalelwa emakhaya sesisigaba sesi-3. Lapho umthetho ushintshwa khona, nathi sizokubuyekeza lokhu.

Amahovisi okuphatha, eKapa nase Goli

Sizoqala ukubuyela emsebenzini wethu nezisebenzi eziyingcosana kulawamahovisi amabili okuphatha kusukela ngoMsombuluko, 13 kuNtulikazi 2020.

Isiphetho

Amagama okubonga akhethekile kini nonke!